Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2023

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusamakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 **UMBHALO A (Ofundwayo)**

1.1.1 Umkhuba wokwebiwa kwamakhebula/kwezintambo zikagesi. √ (1)

1.1.2 Usuyinsakavukela umchilo wesidwaba. √ (1)

1.1.3
- Abangenayo imisebenzi ethile abayiqeqeshelwe. √
- Abangasebenzi ndawo. √
- Ukukhipha ithusi elisuke liphakathi. √
- Basuke befuna ukuzuza imali. √

(Okubili kwalokhu.) (2)

1.1.4
- Emzini eminingi kuyenzeka kubole ukudla okugcinwe eziqandisini. √
- Izinto ezisebenza ngogesi ziyafa/ ziyathikamezeka; uma usubuya ugesi ngoba uyaye ubuye ngamandla. √
- Kwesinye isikhathi imizi nezinye izakhiwo ziyasha. √
- Amabhizinisi / izithuthi zomphakathi/ amarobhothi nezinye izikhungo kuyaphazamiseka. √
- Abagibeli bezitimela basala dengwane. √

(Okune kwalokhu.) (4)

1.1.5 D/Ukusala ungenalutho. √ (1)

1.1.6 Umuntu osafunda ukwenza into ethile √√ (2)

1.1.7 Umbhali uhlose ukusifundisa ngomonakalo odalwa ukwebiwa kwamakhebula√ kanye nokungenziwa ukuvikela nokulekelela ukubopha abenza lobu bugebengu. √√ (3)

1.1.8 Kungaba nomphumela omubi ngoba abanye abatshali zimali abafukula umnotho wakuleli bangagcina behoxile √ Izwe lingagcina lingena enhluphekweni ngenxa yokweswela abaxhasi ukuthuthukisa umnotho. √
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.) (2)

1.1.9 Ngicabanga ukuthi uhulumeni wenza okwanele ngoba uyazikhipha izinombolo okungabikwa kuzo izigebengu ezitshontsha amakhebula. Uphinde acele abantu/Umphakathi ukuba ubike ngalezi zehlakalo zobugebengu emaphoyiseni. √√

NOMA

Ngicabanga ukuthi akenzi okwanele ngoba ezinye zalezi zindawo ezintshontshelwa njalo amakhebula aziqashiwe ngokwanele futhi indlela okugujelwa ngayo lezo zintambo yenza kube lula ukufinyelela kuzo. Ezinye iziqukatha azikhiywa muntu, abantu bayazitapela nje. √√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

1.1.10 Umbhali usebenzise kahle la mazwi ukugqamisa ukuthi izigebengu uma ziqhubeka nokweba amakhebula ngeke ziphumelele √ njengoba abomthetho bazozibamba bazibophe zibhadle ejele. √ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.2 **UMBHALO B (Obukwayo)**

1.1.11 Kunabantu namaphoyisa abame eduze kwamakhebula anqanyuliwe/ebiwe. √√ (2)

1.1.12 Abantu babamba iqhaza lokuhlola baphinde bavikele amakhebula, njengoba ebonakala esithombeni sesi-2 bafaka into ewukhonkolo evikela amakhebula kagesi. √√ (2)

1.1.13 Umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili uyafana ngoba yomibili iyaxwayisa. Embhalweni A kuthiwa kungafakwa izimpawu eziqukethe ukuthi abatholakala bentshontsha lezi zintambo bayobhekana nengalo yomthetho. √√ Embhalweni B kunombhalo oxwayisa izigebengu ngokuthi ziqaphele ngoba zizofa uma zike zazama ukweba ngoba ugesi uyabulala. √√ (4)

1.1.14 Lesi sakhiwo sibaluleke kakhulu ngoba sinciphisa ukuntshontshwa kwamakhebula njengoba engekho emehlweni ezigilamkhuba futhi evalelekile kwaze kwabekwa nogqinsi lukasimende olucindezele izicabha. √√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu owabeke ngamagama akho	
1	'Umphakathi mawuzitshale izihlahla zingagawulwa ukuze uphephe ngesikhathi esinzima esingadalwa imvula enguzamcolo.'	1	Umphakathi uyacelwa ukuba ungazinqumi izihlahla, uzitshale ngoba zibuye zisize uma kunemvula enkulu.
2	'Kuhle ukuzijwayeza ukulahla udoti emgqonyeni kadoti kunokuwulahla phansi.'	2	Kuyancomeka ukuthi abantu baqikelele ukufaka izibi endaweni efanele kunokuzitshinga noma ikuphi.
3	'Abantu mabangakhi ezindaweni ezingafanele naseduze kwemifula.'	3	Abantu mabayeke ukwakha izindlu osebeni lwemifula nasezindaweni ezingakulungele ukwakha.
4	'Izakhiwo zomphakathi aziphasiswe onjiniyela bezokwakha kuqala ngaphambi kokuba zisetshenziswe umphakathi.'	4	Umphakathi mawulinde ungangeni ezindlini ungakazitholi izimvume zokuhlala okuqinisekiswe onjiniyela.
5	'Umhosha ungabukeka ushile kodwa uma wake waba namanzi amaningi qhela ukuze ungamuki.'	5	Umphakathi mawuhambele kude nemihosha uma izulu lina ngoba kujwayelekile ukuthi igcwale.
6	'Umphakathi unesibophezelo sokuphephisa imvelo ngokuthi wandise izindlela zokuxhumana ukudlulisa imiyalezo eqondene nokuvikela izinhlekele ukuphephisa isizwe.'	6	Kungumsebenzi womphakathi ukuqwashisana ukuze uvikeleke ezingozini ezidalwa yizinhlekelele.
7	'Umphakathi mawulalele izexwayiso ezikhishwa abesimo sezulu, izinhlaka zonke zikahulumeni ukuphephisa imindeni namakhaya ayo.'	7	Izixwayiso ezikhishwa uhulumeni ezimayelana nokuguquka kwesimo sezulu zingasindisa impilo yemindeni namakhaya ngakho-ke mazingashaywa indiva.

Umphakathi uyacelwa ukuba ungazinqumi izihlahla, uzitshale ngoba zibuye zisize uma kunemvula enkulu. Kuyancomeka ukuthi abantu bafake izibi endaweni efanele kunokuzitshinga noma ikuphi ukuze, kungavaleki amapayipi amanzi emigwaqeni. Abantu mabayeke ukwakha izindlu osebeni lwemifula nasezindaweni ezinobungozi. Abahambele kude nemihosha uma izulu lina ngoba iyagcwala. Kungumsebenzi womphakathi ukuqwashisana ukuze uvikeleke kuzinhlekelele. Kungakuhle abantu bangangeni ezindlini bengakazitholi izimvume zokuhlala. Izixwayiso ezikhishwa uhulumeni ezimayelana nokuguquka kwesimo sezulu zingasindisa impilo yemindeni ngakho-ke mazingashaywa indiva.

[Inani lamagama 70]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.
Iphuzu elifingqiwe kumele limakwe ngale ndlela.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4–5 acashuniwe, nikeza imaki eli-1 lolimi.
  - 2-3 acashuniwe, nikeza amamaki ama-2 olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha kwizakhiwo zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.

  Isb. Umnumzane – Mnu.

- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/Ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwezinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele).

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: ISIKHANGISI

3.1 Lesi sikhangisi sibhekiswe kubantu abafisa ukuqeda isifo sengcindezi. √ (1)

3.2 Lo wesifazane okulesi sikhangisi uhambelana kahle nomkhiqizo okhangiswayo ngoba uyamamatheka, / ukhombisa ukukhululeka emqondweni nasemphefumulweni.√√ Lokho kuyahambelana ne-Avalife ekhangiselwa ukulapha ingcindezi. √ (3)

3.3 Imbuzikazi yakithi iphunzile izolo njengoba ibikade imithi. √√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)

3.4 La mazwi achaza ukuthi lo mkhiqizo waziwa kakhulu futhi √uma uwusebenzisa ngeke uphinde ube nesifo sengcindezi. √ (2)

3.5 Umkhiqizo i-Avalife usebenzise izithako ezimbili zemvelo zase-Afrika ezaziwayo, okuyinhlaba kanye nempepho. √ Lokhu kuchaza ukuthi lo mkhiqizo kulula ukuwuthola ngoba amakhambi okuwenza ayazimilela emazweni amaningi ase-Afrika.√ (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

4.1
- Isibiyelo esisetshenzisiwe√
- Amazwi akhulunywa ngumama asesibiyelweni. √ (2)

4.2 Suka lapho wena. √ (1)

4.3 Inja ehlezi kusofa iveza umuzwa wokujabula ize inyakazisa umsila √ kanti inja elele phansi iveza umuzwa wokwesaba ngoba iyazi ukuthi umama akafuni ihlale kusofa. √ (2)

4.4 Amazwi asesibiyelweni somfana amveza esesimeni sokumangala/ukudangala njengoba umama ethethisa inja ehleli kusofa ejwayele ukuhlala kuwo uma ikubo. √√ (2)

4.5 B/Ukwethula inkinga. √ (1)

4.6 Umdwebi wale khathuni uwudlululise kahle umyalezo othi 'imizi kayifani.' ngoba inja evakashile ifike yahlala kusofa ngoba ijwayele ukwenza lokho kubo kanti lokho akwenziwa kubo kaBobby emvakashele. √ Ngakho-ke lokhu kufundisa ukuthi akufanele umuntu athathe imikhuba engemihle yakubo ayenze kweminye imizi/Uma ufika endaweni qaphela indlela abenza ngayo izinto, ukuze ugweme ukwenza okungamukelekile. √ (2)
[10]

.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Lisetshenziselwe ukugqamisa ukuziphatha okuhle kwengane esifike esigabeni sokugana isaziphethe kahle. √ (1)

5.2 Abangasekho. √ (1)

5.3 Isb. √ (1)

5.4 Ihleleke ngokukhombisa indlela okwenzeka ngayo izinto. √ (1)

5.5 Induna esesihlathini sikaNkululeko inkulu. √√
(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa.) (2)

5.6 Ilobolo–ke√ kuyacaca ukuthi kwakungelokwakha√ ubuhlobo futhi kunenani elifanele nelaziwayo. (2)

5.7 Sisetshenziselwe ukwakha ukuvumelana phakathi kwenhloko kanye nesenzo. √ (1)

5.8 Isilo sathi sinezinhlelo zokubuyisa inqubo ewusiko lakwaZulu. √ (1)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70